

LIYINI FUTHI LISEBENZA KANJANI ITHOYILETHE ELINGUMAHLUKANISA? (UDDT)

- Iyindlu yangasese ehlukenisa umchamo nendle zingene ezindaweni ezingafani, umchamo ungenakulembobo encane engaphambili kwisihlalo sethoyilethe, kanti indlu ungena kule mbobo engemuva kwesihlalo.
- Inhloso yokuhlukanisa umchamo nendle (1) ukunciphisa iphunga (2) ukuze isheshe ukoma indle okusiza ukuthi iqoqeke kalula ngaphandle kokungcolisa nokuthathelana kwezifo (3) ukwehlisa ukungcoliseka kanye nokungaphatheki kahle kwemvelo (4) kuphinde kusize ekuqoqeni umchamo kuze usetshenziswe ukwenza umanyolo wezitshalo.
- Indle engaphakathi ethoyilethi yomiswa ngokulekelelwa umoya wemvelo ungeniswa ipayipi elingemuva ethoyilethi.
- Loluhlobo lwethoyilethi aluwasebenzisi amanzi okuflasha. Loluhlobo lusetshenziswa ngazonke izikhathi, lusebenza nangaphansi kwanoma iziphi izimo zezulu okwenza kubelula ukuthi indle yome.

UMAHLUKANISA ULUNGELE IZINDAWO EZINJANI?

- Usebenza kakhulu ezindaweni lapho amanzi engakatholakali kahle nezindlela zokuxhuma amapayipi aqoqa indle zingekho.

UMBUZO: Ngabe loluhlobo lwendlu yangasese engumahlukanisa lutholakala eSouth Africa kuphela?

IMPENDULO: Cha, luyatholakala nakwamanye amazwe amaningi aseAfrica namanye angaphandle.



OKUHLE NGETHOYILETHI ELINGUMAHLUKANISA (UDDT)

- Ukulahlwa kwendle ngendlela ephaphile enokuhlazeka
- Akudingeki kumbiwe omunye umgodi uma seligcwele.
- Asikho isidingo sokweza esinye isakhiwo uma seligcwele
- Umahlukanisa uphinde ube wusizo ngokuthi umchamo kanye nendle ephakathi kuyakwazi ukuthi kuphinde kusebenziseke.
- Loluhlobo lukwazi ukushintsha indle luyenze umanyolo uma lusetshenziswa ngendlela
- Loluhlobo luvikela amanzi angaphansi komhlaba ukuthi ahlale esesimweni esihlanzekile.
- Alunalo iphunga, nezimpukane okusiza kakhulu ukunciphisa ukubhehetheka kwezifo
- Indle eyomisiwe kulula ukuyiqoqa uma isikhishwa

SILIGCINA KANJANI ITHOYILETHI ELINGUMAHLUKANISA LIHLANZEKILE?

- Qinisekisa ukuthi uma uhleli ethoyilethi umchamo ungena kulembobo encane engaphambili indle ingene kulembobo engemuva. Abesilisa uma bechama bangasebenzisa lesisitsha esakhelwe bona ngaphakathi odongeni lwethoyilethi.
- Thela inhlabathi noma umlotha ngemuva kokuzikhulula
- Qinisekisa ukuthi uyasivala isihlalo sethoyilethi kanye nesicabha sethoyilethi emuva kokulisebenzisa.

Khumbula ukuwasha izandla ngamanzi nensipho!

- Sebenzisa indwangu emanzi ukuhlaza ithoyilethi noma isithi uqinisekise ukuthi amanzi awangeni phakathi emgodini.

Khumbula ukuwasha izandla ngamanzi nangensipho!

- Uma umgodi wokuqala usugcwele, khipha isithi yethoyilethi uyifake kumgodi wesibili oseduzana. Uma usugcwele owesibili umgodi, owokuqala uzobe usukulungele ukusebenza futhi ngoba indle izobe seyomile bese iyakhishwa ngendlela ehlanzekile.

Khumbula ukuwasha izandla ngamazi nangensipho!

- Ungazifaki izinto eziqinile emgodini wethoyilethi, njengamatshe, izingodo, izinsimbi, amanabukeni nokunye.
- Ungatheli phakathi imithi yokuklina njenge - Handy andy, Sunlight liquid, Domestos nokunye.

QAPHELA: izingane zidinga ukufundiswa nokuqashwa uma zisebenzisa loluhlobo lwethoyilethi ukubona ukuthi zilisebenzisa ngendlela efanele yini.



WATER AND SANITATION



LISEBENZA KANJANI ITHOYILETHI ELINGUMAHLUKANISA (UDDT)?

ISAKHIWO SAMAHLUKANISA NOKUBALULEKA KWEZINTO OWAKHIWE NGAZO

Ipayipi langaphandle kumele lihlale livalekile ngesivalo sakhona ukubamba izimpukane zingasabalali.

Ipayipi elimunyama elingemuva lenzelwe ukungenisa umoya emgodini, ukukhipha iphunga ngaphakathi ethoyilethi, ukusheshisa ukoma kwendle kanye nokunciphisa izimpukane

Imigodi emibili engaphezulu eyokuqoqa indle nokuyigcina.

Umchamo ungena emapayipini uphumele esigujini esingaphandle ukuze ugcineke kahle uze ulandwe.

Indawo yokuchama amadoda esodongeni yenziwa emva kocwaningo olwathola ukuthi amadoda amaningi akhetha ukuchama emile kunokuqoshama noma ukuhlala phansi ethoyilethi njengabesifazane.

Umyango kumele uhlale uvaliwe ngazonke izikhathi ukuvikela ukusabalala kwezifo

Ibhakede elinenhlabathi noma umlotha uthole phakathi emgodini emva kokushaya intshe lentaba ukuze indle yome ngokushesha..

Contact Details

Contact Centre: 080 13 13 0813 TOLL FREE

SMS: 083 707 3013

Mxit: 083 707 3013

Fax: 031 311 8699 or 031 311 8220

Email: eservices@durban.gov.za

Website: www.durban.gov.za